basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**FEBRUWARI/MASHI 2018**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi angama-21.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

# ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

## ISIQESHANA A

1.1 UNomkhizo.√ (1)

1.2 Ngoba uZabalaza wayehamba yedwa zingekho izinsizwa zangakubo ezazizomelekelela uma esemshaya.√√ (2)

1.3 Izinduku√ (1)

1.4 A√/silwe.√ (1)

1.5 Wathi akangambulali ngoba vele usewile. Uzoze azibangele amacala ngento engekho. √√ (2)

1.6 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Wayemgxibhela emonela entombini√/
- Wayeziphindiselela ngokumedelela ngesikhathi ehamba nezinsizwa zangakubo.√/
- Wayenenkolelo yokuthi njengoba egula nje uthakathwa nguye uZabalaza.√ (2)

1.7 1.7.1. USandanezwe ushaya uZabalaza umshayela amagama awasho ehamba nezinsizwa zangakubo.√√ (2)

1.7.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akaveli kakhulu endabeni.√/
- Azikho izigameko ezinkulu ezithinta yena endabeni.√/
- Azikho izigameko ezithinta yena ezikhulisa indaba.√/
- Alukho udweshu oluthinta yena ngqo.√ (2)

1.8 Isifaniso.√ (1)

1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ungishaya kanjena ngoba izinsizwa zangakithi zingekho?√√/
- Siyoze sihlangane esikhaleni sezimpisi neziyendane ngiyakutshela.√√ (2)

1.10 'Wenzeni manje uZabalaza Mkhumane ngoba ngithi uyazihambela nje?'√√ (2)

1.11 Yingoba wayengukanina wakhe.√√ (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

1.12 Idume ngemithi yakhona enzima nebukhali ekwelapheni.√√ (2)

1.13 Uvuthondaba siluthola ngesikhathi unina kaSandanezwe ebuyela enyangeni kwaMbuyisa eyohlola isimo sendodana yakhe ngethemba lokuthi uzoyifica isingcono kakhulu. Esikhundleni salokho uthola ukuthi isigula kakhulu kunakuqala.√√ (2)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wahlawuliswa izinkomo emva kokutholakala enecala.√/
- Kufanele ukuthi umphakathi wamthatha njengomthakathi.√/
- Wagcina engamtholanga uNokulindela.√ (2)

1.15
- Wazama ukucela uNtshingila ukuba amtholele isitho sowesifazane emakhazeni abangcwabi.√
- Wabanjwa amaphoyisa entshontsha isitho sowesifazane owayeshone engozini.√ (2)

1.16 Akasindanga: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Akalutholanga usizo oluqondene nesifo sengculazi.√√/
- Ukufa kuyenyukela kuSandanezwe kunokuthi kunciphe. √√/
- Akakwamukelanga ukuthi uphethwe yisifo esingalapheki. √√ (2)

1.17 Cha. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Akafuneki umuntu onochuku. √√/
- Uma intombi isiqomile kwakumele ayihloniphe ukuze agweme ukuxabana nesoka layo. √√/
- Akukuhle ukweshela ngegama lomuntu. √√/
- Akulungile ukusina ngethambo lomunye umuntu/ukuhlekisa ngokugula kwakhe. √√/
- Kukhombisa ubugwala ukwedelela umuntu ngoba uhamba nabantu abaningi, wethembe ukuthi bazokulamulela. √√/
- Akulungile ukweshela ngomuthi. √√

**NOMA**

Yebo. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngokwesintu intombi isuke isavumelekile ukweshelwa uma ingakagcagci. √√/
- Oseyishayile akakayosi, oseyosile akakayidli, noseyidlile udle icala.√√/
- Imithi yinto eyayisetshenziswa ngokwesintu ukweshela intombi. √√/
- Isoka alikwazi ukukhululeka imbangi ikhala. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

1.18 Ngangizomtshela ukuthi: Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Akakhuthaze isoka lakhe liyohlolela ingculazi.√/
- Akasebenzise imithi yasesibhedlela ethiba igciwane.√/
- Ake anikeze uZabalaza ithuba.√/
- Akaqhubeke nempilo.√/
- Uma eqhubeka ethandana noSandanezwe angalokothi aye naye ocansini.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

## ISIQESHANA C

2.1 UMtshezi.√ (1)

2.2 OKUKODWA kwalokhu:
- Yinkulumo yombhali.√/
- Yizindawo eziningi ezibaliwe.√ (1)

2.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo
- Ukuthi iyindawo eyihlanze.√/
- Yindawo enezihlahla ezinameva.√ (1)

2.4 B√/Indawo enezihlahla ezingajwayelekile. √ (1)

2.5 Izimbongolo zazisetshenziselwa ukuthwala ukudla okunjengamasaka empuphu, ubhontshisi, kanye nesitambu.√√ (2)

2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kusifundisa ukuthi akusibona bonke omakoti abanobudlelwane obungebuhle nomamezala babo.√/
- Akubona bonke abantu abanezinhliziyo ezilukhuni.√/
- Abanye abantu besifazane bahlakaniphile.√/
- Abanye omakoti abanankinga nokuhlala nomamezala.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.7 2.7.1 UManyoba wethuka kwabanda kwamancane ngoba wayezitshela ukuthi uNdabazabantu wayefuna ukumxosha.√√ (2)

2.7.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akaveli kakhulu endabeni.√/
- Azikho izigameko ezinkulu ezithinta yena endabeni.√/
- Azikho izigameko ezithinta yena ezikhulisa indaba.√/
- Alukho udweshu oluthinta yena ngqo.√√/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.8. Bobabili babegane uNtombela kodwa bengazani.√√ (2)

2.9 'Esigodini sakwaNxamalala'√√ (2)

2.10. OKUBILI kwalokhu:
- Wathola ukufunda wazithuthukisa.√/
- Wafundela ukushayela.√/
- Wazibekela imali yokuthi alobole, afundise izingane zakhe.√/
- Wakhushulelwa esikhundleni efemini ayesebenza kuyo.√ (2)

2.11. OKUKODWA kwalokhu:
- Yingoba wayesephatheke kabi emuva kokuzwa ukungathembeki kukaNtombela.√√/
- Wayesebenzise imali yakhe ngesikhathi efihla uNtombela.√√ (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

2.12 UMaNdlovu wayezalwa nguShali KaNgwangwane/NguShali.√√ (2)

2.13 Yilesi sikhathi uManyoba ewina ilotho emva kokuhlupheka ehlukumezeka ngokuhlala ngokwehlukana nonkosikazi wakhe.√√ (2)

2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abaphathekanga kahle emizini yezingane zabo.√/
- Bagcina sebebuthakathaka emzimbeni ngenxa yokungondleki kahle.√/
- Babengalutholi uthando olwanele ezinganeni zabo.√ (2)

2.15

- Wayelima amasimu edla nezingane zakhe.√
- Wayesika izidwaba azidayise emholweni.√ (2)

2.16 Wayefuna ukwedlulisa umyalezo wokubaluleka kokuhlonipha nokuthanda umzali njengomyalelo weNkosi.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: Akwamukelekile.

- Ukuhamba kwentombazane ebusuku kuze kucishe kudabuke ukusa kuyingozi.√√/
- Isoka ayethandana nalo lalimehlisa esangweni lakubo, lokhu kukhombisa ukungawuhloniphi umuzi wakubo.√√/
- Izenzo zakhe zazixabanisa umndeni wakubo.√√ (2)

2.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangingamtshela ukuthi:

- Uma ethanda mina akathande nomzali wami.√/
- Akabathande ngothando athanda ngalo abazali bakhe.√/
- Ukuthanda abantu abadala kuletha izibusiso.√/
- Kuyihlazo kubantu ukubona abazali babo behlupheka bebe bezele izigwili.√/
- Ukuthi engiyikona kungenxa yemizamo kababa/kamama.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 UTholakele.√ (1)

3.2 Ukugqoka isiketi esifushane isazilile.√√ (2)

3.3 Basesikoleni.√ (1)

3.4 A√/Ukuba nenkinga.√ (1)

3.5 Wacoshela uBhekani iduku elalimwele.√√ (2)

3.6 Isingathekiso.√ (1)

3.7 3.7.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ukhathazwa yilokhu okushiwo nguSifiso ngoTholakele ngoba yena wayesethathekile ngaye.√/
- Usecabanga ngale ntokazi ayibonile.√/
- Ukhathazwa yingxoxo yakhe nonina mayelana nephupho.√ (2)

3.7.2

- Akaveli kakhulu endabeni.√/
- Aziziningi izigameko ezinkulu ezithinta yena endabeni.√/
- Aziziningi izigameko ezithinta yena ezikhulisa indaba.√ (2)

3.8 Bobabili babeyizintombi zikaBhekani.√√/Babethandana noBhekani. √√ (2)

3.9 Asingenanga kahle lesi seluleko ezindlebeni zikaBhekani.√√ (2)

3.10 Wayethi akakholelwa ezintweni zamasiko.√√ (2)

3.11 OKUKODWA kwalokhu:

- Wayengafuni abasemzini bazi ukuthi useyalotsholwa ngoba wahamba ebaleka.√√/
- Wayengafuni ukuthi uyise athathe ilobolo.√√/
- Wayevele eqhubeka nobugebengu bakhe.√√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.12 Kwakukade kufike abakhongi ababezolobola uTholakele.√√ (2)

3.13 Amaphuzu ayothinta lokhu okulandelayo:

- Waphupha uyise sengathi ungenisa abantu esangweni. Abanye uyabangenisa abanye uyabavimbela.√
- Kuthe uma kufika intokazi yezingubo ezimnyama, wavimba uyise.√ (2)

3.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UBhekani wayesehlala ngokuphikisana nomama wakhe.√√/
- Umalume wayesemdubile uBhekani.√√ (2)

3.15 Ukuboshwa kukaTholakele ngosuku lomshado.√√ (2)

3.16 Imibono iyokwehluka: Ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayemthanda ngeqiniso uBhekani.√√/
- Wayesenengane yakhe uBhekani.√√/
- Wayesezosala nomthwalo wokukhulisa ingane eyedwa.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

3.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ayamukelekile ngoba:

- Kwakungamele aphoqelele ukungena uTholakele uma ngabe uTholakele wayengamthandi.√/
- Wayehlukumeza uTholakele ngokumesabisa nokumshaya.√/
- Wayedume njengomuntu onodlame eNyawushane.√/
- Walwa noBhekani ngesikhathi uBhekani ezama ukulamulela uTholakele.√/
- Walalela uBhekani endleleni ehambisana nabangani bakhe bamshaya ngezilimazo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

3.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangingancenga amaphoyisa ukuthi alinde sishade anduba ambophe.√/
- Ngangingazama imali yokumbheyilela.√/
- Ngangiyomeseka ngimlinde aze aphume ejele bese siyashada.√
- Ngangizovele ngikhohlwe nguye ngoba akukuhle ukuganwa yisigebengu wena ungesona.√/
- Ngangiyojabula ukuthi iNkosi iyangithanda ngokungivezela ubugebengu bukaTholakele ngingakazibophezeli kuye.√/
- Ngangiyoxolisa kuSifiso nakubazali bami ngokubahlukumeza ngokuthandana noTholi ekubeni bengixwayisile ngaye.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**
**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Abantu abazwelana nayo inkosi.√ (1)

4.2 Ukushiswa komuzi kaDlamini√√/ ukuthi umuzi kaDlamini usungumlotha.√√ (2)

4.3 Isifo senhliziyo.√ (1)

4.4 Siyahambelana ngoba inkinga yodlame endaweni eyayisihlule amadoda yaxazululwa ngabantu besifazane, okuyinto eyayingalindelekile ukuthi yenzeke.√√ (2)

4.5 D√/Icala lokulimaza ngesikhali.√ (1)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UDuma wayehlezi noMbandlwa noMaShezi.√/
- UMbandlwa wahlohla uDuma ukuthi angasamukeli isicelo senkosi. √/
- UMaShezi wazama ukubabonisa kodwa bangavuma.√/
- UDuma waxosha unogada wathi akaphume emzini wakhe.√ (2)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwaba khona ukusebenzisana kwabayeni babo.√√/
- Kwahlengeka izimpilo zabantu abaningi.√√/
- Kwakhuthaza abantu besifazane ukuthi bangazibukeli phansi ngoba kukhona iqhaza abangalibamba emphakathini. √√ (2)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukubikezela ngesimo somlingiswa.√√/
- Ukusibekela ngesimo senkundla.√√/
- Ukusitshela ngesimo sezulu.√√/
- Ukuchaza ngeminyakazo yomlingiswa. √√ (2)

4.9 UShandu.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguyena owayevimba uDuma ukuthi alethe intuthuko endaweni.√/
- Nguyena owenza ukuthi ikhansela lingakwazi ukubamba umhlangano.√/
- Nguyena owayevuna induna uma yenza okuphambene nezifiso zikaDuma.√/
- Ulwisana nobuholi bentando yeningi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

UDlamini.√
- Nguyena owayephazamisa imihlangano eyayibizwa nguDuma njengekhansela le ndawo.√/
- Nguyena owayenikeza iNkosi iseluleko sokuba ingavumi ukusebenzisana noDuma.√/
- Nguyena owayesabisa unobhala wekhansela uma enza umsebenzi wakhe wokumemezela umhlangano wentuthuko owawubizwa yikhansela.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

4.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Waphazamisa umhlangano wokuletha intuthuko.√√/
- Wabeka uMbandlwa isandla.√√/
- Wayeluleka inkosi ukuthi ingavumi ukwamukela uxolo.√√/
- Wayediliza izaziso zemihlangano.√√/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Yabhala incwadi eyayizofundwa emhlanganwen, incenga abantu bayo ukuthi baluvume uxolo.√/
- Waxhumana nomfundisi uMazongolo wamcela ukuthi amfundele incwadi emhlanganweni.√/
- Wabonga amakhosikazi ngokubamba iqhaza ekuletheni uxolo endaweni.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 Umndeni kaDlamini nokaMbandlwa.√ (1)

4.13 Wathi angathathisi enkosini uma ezobamba umhlangano.√ (1)

4.14 4.14.1 C√/Usola uDuma ngodlame.√
4.14.2 D√/Unogada wenkosi.√
4.14.3 A√/Unobhala wekhansela.√
4.14.4 B√/Wenza imizamo yoxolo √ (4)

4.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwakuzodala ingxabano phakathi kukaDuma noMaShezi.√√
- Uxolo lwalungeke lube khona emphakathini.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.16 Imibono iyokwehluka.
**Abavumayo**.
- Kwaba usizo emphakathini ngoba wayenenhloso yokuwulethela intuthuko.√√/
- Ukufunda kwakhe kwamenza waqonda kangcono ukusebenza kwentando yeningi.√√/
- Wakwazi ukugqugquzela abantu ukuthi balwele umzabalazo.√√

**Abaphikayo**.
- Nguye owaba yimbangela yokuthi kube nodlame endaweni.√√/
- Akakwazanga ukuhlonipha ubuholi bendabuko.√√/
- Kwakukhombisa ukubabukela phansi abanye abantu.√√ (2)

4.17 Yebo.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDuma nenkosi uShandu bagcina bexolelene.√/
- Kwaba nokuthula emphakathini.√/
- Inkosi yanikeza uDuma ihhovisi ayezosebenzela kulo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangingazama ukukhuluma nezinhlangothi zombili ngobungozi bokungakwazi ukusebenzisana.√/
- Ngangingakhuluma nasemphakathini nakomakhelwane ngobubi bokungakwazi ukubekezelelana.√/
- Ngangingagqugquzela umphakathi ukuthi wenze imashi eya esiteshini samaphoyisa uyocela ukwandiswa kwamaphoyisa endaweni.√/
- Ngangingabhalela abamaphephandaba ngazise isizwe ngenkinga ekhungethe umphakathi ngicele nosizo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

## UMBUZO 5: *ICALA ALIBOLI – VM Mbhele*

## ISIQESHANA I

5.1 Ubavumele ukuthi babambe umhlangano emzini wakhe.√ (1)

5.2 Usekomidini lezezimali.√ (1)

5.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuthi uNtanzi okunguyena owayevame ukuyiphatha wayesebenzela kude. √√/
- Lase lishonile ilanga futhi amabhange awavulwa ngeSonto. √√ (2)

5.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Yebo ngoba:.

- USonto wabulala uMaNtuli waze washada noMbhele kungekho muntu owaziyo ukuthi uSonto waba nesandla ekufeni kukaMaNtuli kodwa ekugcineni lavela iqiniso waboshwa. √√/
- USonto wadubula umfundisi wantshontsha imali yebandla kwaboshwa uMaNsibande kodwa kwagcina kutholakele ukuthi uyena. √√/
- UMthofi noToronto ababeyizigebengu ezisetshenziswa uSonto bagcina belikhulume lonke iqiniso ngoSonto baboshwa nabo. √√/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.5 C√/Zimlimaze kabi.√ (1)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwafika uSonto ebusuku ephethe isibhamu.√/
- Watshela umfundisi ukuthi akamnikeze yonke imali.√/
- Wazincengela umfundisi kodwa uSonto wangamzwela.√/
- Wayithatha imali.√/
- Wadubula umfundisi wamshiya ethi ufile.√ (2)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Washintsha isikole ayefunda kuso engazelele.√√/
- Isimo sakhe senhlalo saguquka.√√/
- Walahlekelwa umzali ayesesele naye.√√/
- Wahlukumezeka ngokomqondo.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukubikezela ngesimo somlingiswa.√√/
- Ukusibekela ngesimo senkundla.√√/
- Ukusitshela ngesimo sezulu.√√/
- Ukuchaza ngeminyakazo yomlingiswa. √√ (2)

5.9 NguNhleko. √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguyena ome endleleni kaSonto yokuthi aqhubeke nobugebengu athokoze ngezimali zakhe. √/
- Nguyena olokhu elandela uSonto, emsola ngamacala akhona endaweni njengokulinyazwa komfundisi. √/
- Nguyena owenza ukuthi uToronto asho lonke iqiniso ngoSonto. √/
- Nguyena futhi owaba nesandla ekuboshweni kukaSonto. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

5.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Nguye owaqhamuka nesu lokuthi bacashe kwaDlamini benoMbhele ukuze babone lokhu okwakushiwo nguDlamini ngezigebengu.√√/
- Wasiza uMbhele ukuthi abe ifa lakhe.√√/
- Watshela uMbhele ukuthi asebenzise izindlela ezisemthethweni zokuvimba ukuthi uSonto athole ifa.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wavikela umcebo wakhe kuqala.√√/
- Wagijima waya kummeli esikhundleni sokuqasha abantu abazomgada.√√/
- Kwakufanele abikele amaphoyisa ngokushesha.√√/
- Kwathi noma esesola imoto emlandelayo wabikela uSonto engabe waphuthuma endaweni ayezothola kuyo usizo.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA J

5.12 Yizikhulu zakhe zasemsebenzini.√/ Abaphathi bakaNhleko√/ Abomthetho√. (1)

5.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Basonta ndawonye.√/
- Bangomakhelwane√/
- Basekomitini elilodwa lesonto.√ (1)

5.14
5.14.1 D√/Indodakazi kaSonto.√
5.14.2 A√/Isigebengu.√
5.14.3 B√/Isigwili sendawo.√
5.14.4 C√/Umakhelwane kaMbhele.√ (4)

5.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMbhele wayengeke ashade noSonto.√√/
- USonto wayezoboshwa engakashadi noMbhele.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kungenzeka ukuthi wayefuna ukubona isimo sakhe sempilo.√√/
- Wayefuna ukuyomqedela.√√/
- Wayefuna ukuyomesabisa ukuthi angalikhulumi iqiniso.√√/
- Wayefuna ukuyozincengela amethembise izulu nomhlaba.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.17 Akakwazanga.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indaba iphetha ngendlela elindelekile.√/
- Umuntu owenza ubugebengu ugcina eboshiwe.√/
- Izigebengu zaboshwa.√/
- USonto wagcina egwetshwe udilikajele ngamacala akhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.18 Imibono iyokwehluka. Amaphuzu AMATHATHU nxazonke:
**Ababengamexwayisa:**
- Ngangingamtshela njengomakhelwane wami.√/
- Ngangingamtshela njengendoda enye, ngoba lokhu kungenzeka kunoma ngubani.√/
- Ngangingamtshela kodwa igama lami ngimyale ukuthi angalivezi. √/
- Ngangingamtshela ngenzele ukumkhwahla imali.√/
- Ngangingamtshela ngenzele ukuthi singalahlekelwa ngumuntu owusizo emphakathini. √

**Ababengeke bamexwayise:**
- Uvalo lokwesaba izigebengu.√/
- Ukungathandi ukuzifaka ezindabeni zabantu.√/
- Abanye abantu besilisa abakholwa/abanye abathandi uma ubatshela okubi ngamakhosikazi abo.√/
- Mhlawumbe uMbhele wayengangibona njengomuntu onomona ofuna ukumehlukanisa nomkakhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Bavela emzini kaNondumiso.√ (1)

6.2 Uthi yisiko angezwani nalo futhi uyedwa umuntu ayemthanda emhlabeni uSikhumbuzo.√ (1)

6.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayefuna baxoxe nabakwaZungu, ezobuzisisa ukuthi uhambeleni uThenjiwe.√√/
- Wayefuna bazomchazela kahle ngesiko lokungenwa.√√ (2)

6.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Siyahambelana ngoba indaba ikhuluma ngesiko lokungenwa kanye namalungelo abantu.√√/
- Umbhali uzama ukugqamisa isiko kanye namalungelo abantu okuzikhethela njengoba uThenjiwe ecindezelwa abakwaZungu ngesiko.√√ (2)

6.5 A√/Lapho sinephutha khona.√ (1)

6.6
- UMaMbatha waqhubeka nokucindezela uThenjiwe ukuba agane uDumisani.√
- Kwangenelela nomakhelwane uMaNzuza ezama ukumchazela uThenjiwe ngesiko lokungenwa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwaba khona ukungezwani phakathi kukaThenjiwe noDumisani.√√/
- Wagcina eselahlekelwa inhlonipho uThenjiwe ngenxa yendlela ababemphethe ngayo.√√/
- Kwagwazwa uDumisani, egwazwa nguSipho.√√/
- Bagcina beganene oThenjiwe noDumisani.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.8 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukusitshela ngendawo abadlali abakuyona.√√/
- Ukuxoxa indaba ngokubafunza inkulumo abasuke beyikhuluma abadlali.√√/
- Ukusivezela isimo abasuke bekuso abadlali.√√ (2)

6.9 NguMaMbatha.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguyena ofisa kufezeke izinhloso zokufeza isiko.√/
- Nguyena ophikisana nemizamo kaThenjiwe yokugwema isiko lokungenwa nguDumisani.√ (3)

6.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayemkhuza uMaMbatha uma esethetha exosha uNondumiso emzini wakhe. √√/
- Ufuna kuhlangane imindeni yomibili kuxoxiswane ngalolu daba√√/
- Uyazwelana noThenjiwe akambuzi ngesihluku njengoMaMbatha√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngesikhathi secala akazange ambize uThenjiwe ukuthi azofakaza.√√/
- Wabhala incwadi eyayitshela uThenjiwe ukuthi akavume ukungenwa nguDumisani.√√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.12 Wayelamulela uThenjiwe.√ (1)

6.13 Ubabeka icala lokuthi abamfundisanga wonke amasiko uThenjiwe.√ (1)

6.14 6.14.1 D√/ USipho√
6.14.2 C√/ UNondumiso√
6.14.3 A√/UThenjiwe√
6.14.4 B√/UGugu√ (4)

6.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UDumisani wayezofa ebulawa ushevu. √√/
- Akekho owayeyokwazi ukuthi uThenjiwe nguye owafakela uDumisani ushevu. √√/
- Isifiso sakhe sokubuyela kubo sasizofezeka. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ohlangothini ngalunye:
Imibono iyokwehluka .

**Abavumayo**

- Basekhona abesifazane abasawakhonzile amasiko esintu.√/
- Abesifazane abathile bangajakubulela ukuthola umendo.√/
- Abanye besifazane bangajabulela ukuthi kukhona osezokondla abantwana babo.√/
- Abanye bangajabulela ukuthi abantwana bazokhulela emndenini abawaziyo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Abaphikayo**

- Abesifazane banamuhla bathanda ukukhululeka baziphilele impilo engenamibandela.√/
- Abesifazane banamuhla sebeyawaqonda amalungelo abo okuzithathela izinqumo.√/
- Abanye besifazane bangakuthola kunzima ukuphoqwa ukushada nomuntu abangamthandi.√/
- Abanye besifazane sebeyakwazi ukuzimela abasancikile kwabesilisa.√
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Yebo uphumelele ngoba:

- Kwakungalindelekile ukuthi uSipho angameluleka ngeseluleko esakhayo uThenjiwe sokuthi avume ukushada noDumisani.√/
- Ekugcineni uThenjiwe uyavuma ukushada noDumisani kade eseke wazama ukumbulalala.√/
- Umshado uba yimpumelelo bagcina sebehleli kahle emzini wabo.√ (2)

6.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo ohlangothini ngalunye

- Ngangiyomgqugquzela ukuba ahloniphe isiko.√/
- Ngangiyomchazela ngesiko bese ngimyala ukuba ahloniphe abasemzini√/
- Ngangiyomchazela ukuthi akonakele lutho usazothola umyeni onesibongo esifanayo.√/
- Ngangiyomduduza ukuthi usazophinde akwazi ukuthola ithuba lokuba nabantwana.√/
- Ngagiyomamukela uma ebuya eza ekhaya.√/
- Ngangiyomfunela usizo kwabezenhlalakahle.√/
- Ngangiyocela abasemzini ukuba bamkhulule akwazi ukuzikhethela.√/
- Ngangiyomgqugquzela ukuba athathe izinyathelo zomthetho azi kabanzi ngamalungelo akhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

### UMBUZO 7

7.1 **'UMUNWE' – S Zimema**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Icela uthando√/ukuba azame olwayo uthando√ (1)

7.1.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubungani obungenamibandela√√/
- Ubungani beqiniso√√/
- Umngani ongezukumlutha.√√ (2)

7.1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kudala izinkulumo eziningi.√/
- Kwehlisa isithunzi.√/
- Akubukeki kahle emphakathini.√/
- Isikhathi asisavumi ngoba seziziningi izifo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.4 Wabona ngomaka wendandatho esandleni sayo sesinxele.√√ (2)

7.1.5 D√/Isandla sesinxele. √ (1)

7.1.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayefuna ukuzichithela isizungu ngaye la emsebenzini. √√/
- Wayehlose ukudlala ngemizwa yakhe bese ezibuyelela kumkakhe. √√/
- Kungenzeka ukuthi wayesenegciwane efuna ukulidlulisela kuyena.√√/
- Wayesaqhuba ubusoka nokuthi intombi kayidlulwa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo
- Uyacabangisisa ngaphambi kokuthatha isinqumo, wayebuza imibuzo eminingi kule nsizwa. √√/
- Akafuni ukuthandana nomuntu oshadile nozomchithela isikhathi.√√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ufisa ukusifundisa ukuthi basekhona abesifazane abasathembekile futhi abaziphethe kahle.√√/
- Abanye besilisa banakho ukukhohlakala uma belapho bengaziwa khona.√√/
- Abantu banamuhla abasawuhloniphi umshado.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.9 Yebo. Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo
- Umlingiswa nguye owayethi udumile ngokuqonywa ebe eganiwe.√/
- Wathi ufuna ukuba nentombi eyodwa esibhedlela ayesebenza kuso.√/
- Waphika lapho uZodwa embuza ukuthi ushadile yini.√/
- Wayeyikhipha indandatho yakhe yomshado uma engekho emehlweni kaZodwa.√ (3)

**KANYE**

7.2 **USIHAWU NESIHAWU – NE Mbesa**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Wayephuma epulazini la ayesebenza khona.√ (1)

7.2.2 Izindaba zokuthi usezogana ebukhosini.√ (1)

7.2.3
- Wayesanda kuthola imiphumela kudokotela yokuthi akanayo inzalo.√
- Wayesabela ukuthi ngeke abe nayo indlalifa.√ (2)

7.2.4 Wayenengcindezi efuna nokukhipha intukuthelo ayesenayo ngezindaba ayezizwe ngodokotela.√√ (2)

7.2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Waxolisa ngesenzo esibi asenza kuye sokumdlwengula.√√/
- Wasigcina isethembiso asenza ngosuku amdlwengula ngalo sokuthi uyomesula izinyembezi.√√/
- Wamlobola wamshada bahlala kahle naye.√√ (2)

7.2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imisebenzi eyafundelwa uSihawu noZwakele imisebenzi yesikhathi samanje.√/
- Amakolishi abafundela kuwo imisebenzi yabo.√/
- USihawu wahlolwa ngudokotela ukuthi unayo yini inzalo.√/
- USihawu wayesaba ukuboshwa uma ezwa ukuthi intombazane iyamazi.√
- USihawu wayegqoke iwashi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.7 Ungumuntu onozwelo nothando ngoba wakwazi ukungenelela lapho indodakazi yakhe ihlukumeza uBathobile√√ (2)

7.2.8 Akawulandelanga.
Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abalingiswa bale ndaba emfushane beqile enanini elimiselwe indaba emfushane.√√/
- Okungenani kumele bangedluli kwabayisihlanu.√√ (2)

7.2.9 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngangiyomtshela ukuthi akafunde ukuphatha kahle abantu, kakhulukazi izingane.√√/
- Akwazi ukuhlonipha abanye abantu nemizwa yabo.√√/
- Avikele isithunzi salapho egane khona√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngohlangothi ngalunye

**Abavumayo: Kwakufanele,**

- USihawu wakushaya indiva noma ebona ukuthi izinwele zezingane ziyimekisi ngoba enzela ukungalahlekelwa indlalifa yakhe.√/
- Wayezazi ukuthi akanayo inzalo ngakho-ke kwakumnika isithunzi emphakathini ukuba nomndeni.√/
- Wayenzela ukuvikela isithunzi somkakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Abaphikayo: Kwakungafanele,**

- Kwakusobala kakhulu ukuthi izingane akuzona ezakhe.√/
- Wagcina ngazo lezo zingane okwakungaletha imibuzo esizweni.√/
- Kwakufanele akuveze ukuthi unkosikazi akaziphathanga kahle√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

8.1 **'INHLANSI YAKHO THULI' – S B MLAMBO**

8.1.1 UNontando.√ (1)

8.1.2 Amehlo anezithukuthuku zosizi.√√ (2)

8.1.3 UThuli.√ (1)

8.1.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Imbongi yehluleka ukubekezelela ukushiswa uthando.√/
- Imbongi yazijuba yaqala yayoshela intombi.√/
- Yaqala imbongi yayihlomisa, yalungiselela ukuyoyeshela le ntombi.√/
- Imbongi yahamba yaya endaweni yakubo kwentombi, yayoyeshela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

8.1.5 EZIMBILI kwezilandelayo:

- Ingedla.√/
- Iwisa.√/
- Isijula.√ (2)

8.1.6 Umoya wale nkondlo ukabili./Umoya oxubile.√

- Ngasekuqaleni inkondlo inomoya wokukhathazeka ngoba yabe yaliwe yintokazi eyithandayo. Nakhu ithi amehlo ayo ayenosizi.√√/
- Ngasekugcineni isinomoya wokujabula ngoba imbongi isizuze uthando lwentokazi eyayiyifudumeza inhliziyo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

8.1.7 OKUKODWA kwalokhu:

- Ngasondela, ngakubona ucwebezela.√ /
- Ngamangala, ngankema.√ (1)

8.1.8 Imvumelwano siqalo.√
**Nga**buzwa ubulangulangu
**Nga**ziba lakhula ilangabi.√ (2)

8.1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: Ngangingayitshela ukuthi:

- Akulahlwa mbeleko ngakufelwa, iyomthola omunye. √√/
- Thatha ngokuthi ubungabelwe lowo muntu. √√/
- Impilo yasemhlabeni injalo, isimo siyaguquguquka. √√ (2)

**KANYE**

8.2 **PHANSI – LLMS Madondo**

8.2.1 Iirikhi√
Imbongi idlulisa imizwa yayo mayelana nendlela okufanele abantu baziphathe ngayo okungukuzehlisa nokuba nobuntu kunokuzikhukhumeza.√ (2)

8.2.2 OKUKODWA kwalokhu
- Um**hl**a**b**a ungum**hl**a**b**a ngoku**hl**a**b**a.√√/
- Umhl**a**b**a** ungumhl**a**b**a** ngokuhl**a**b**a**.√√ (2)

8.2.3 Impinda ayikho√√/ Lunye kuwo uhambo. √√ (2)

8.2.4 Umugqa OWODWA kwelandelayo:
3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.√√/
5 Impinda ayikho.√√/
16 Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.√√ (2)

8.2.5 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Abangawuhloniphi umhlaba uyabashaya.√/
- Abanye babo basuke sebehamba becela emigwaqeni√/
- Abasuke beziphakamisile umhlaba uyabehlisa bese ukhuphula labo akade bezehlisile. √/
- Kubalulekile ukuba abantu bazothe futhi babe nobuntu ngaso sonke isikhathi ngoba umhlaba uyakwazi ukuthatha abantu abadelelekile ubabeke ezingeni eliphezulu bese kuthi labo akade beziphakamisile ubabuyise phansi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

8.2.6 Izilwane EZIMBILI kwezilandelayo:
ipigogo√/isakabuli√/umahlalothini√/intuthwane√/ihobosha√ (2)

8.2.7
- **ntengentenge**. Lesi senzukuthi ngokwenkondlo sisho abantu abasuke kade beshayela phezulu bese beshaywa umhlaba ubalahle phansi.√
- **bhu**. Laba bantu bayawa, bazithole sebephansi.√
- **shwi**. Abantu abazibeke phansi umhlaba uvama ukubathatha ubabeke phezulu lapho kade bengalindelwe muntu ukuthi bangaba khona.√ (3)

8.2.8 Umuntu uma esephansi usuke esondelene nenhlabathi kanti nehobosha lihamba phansi kuyo inhlabathi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha